UNIVERSITY OF KWAZULU-NATAL™
INYUVESI YAKWAZULU-NATALI

INSPIRING GREATNESS

UHLELO LOKUBHALISA LWABAFUNDI ABAKHOKHELWA NGABAKWA-NSFAS

Iqoqo A: Abafundi abanesiqinisekiso sokukhokhelwa abakwaNSFAS kufanele balandele lezi zinyathelo:

1. Hlola isimo sakho kwisizindalwazi sakwaNSFAS ukuze uthole ukuthi kuhamba kanjani.
2. Uma kuvela ukuthi uzokhokhelwa ngonyaka wezi-2023, bheka ukuthi ngokwaseUKZN kumi kanjani, sebenzisa iStudent Portal kwikhasikhaya (homepage) laseUKZN.
3. Uma imininingwane yokukhokhelwa kwakho isikhombisa okuka-2023 ngokuba nophawu lwakwaNSFAS kusho ukuthi usungaqhubeka nokubhalisela izifundo zakho.

Iqoqo B: Abafundi ABANGENASO isiqinisekiso sokukhokhelwa abakwaNSFAS kufanele balandele lezi zinyathelo:

4. Hlola isimo sakho kwisizindalwazi sakwaNSFAS ukuze uthole ukuthi kuhamba kanjani.
5. Uma kuvela ukuthi NGEKE UKHOKHELWE ngonyaka wezi-2023, thintana nabakwaNSFAS nge-imeyili: info@nsfas.org.za noma ngocingo:08000 67327
6. Uma ungaphumelelanga ukuthola ukukhokhelwa ngokweNSFAS futhi ufisa ukufaka isicelo sokuguqulwa kwalesi sinqumo, ngena kwisizindalwazi sakwaNSFAS ufake isicelo sokuguqulwa kwesinqumo – bheka okungakulekelela ngalokhu.

Iqoqo C: Abafundi abangakhokhelwa abakwaNSFAS futhi abafisa ukuba kuguqulwe lesi sinqumo:

7. Ngena kwisizindalwazi sakwaNSFAS ufake isicelo sakho futhi uthumele konke okuyimibhalo okudingekayo nokweseka isicelo sakho.
8. Kuzodingeka ukuba uhlale ubheka isizindalwazi sakwaNSFAS mayelana nomphumela wesicelo sakho.
9. Uma isicelo sakho siphumelele, usuzolandela izinyathelo ze Qoqo A.
10. Uma isicelo sakho singaphumelelanga, kuzofanele ulandele inqubo yokulungiselelwa ukubhalisa ngokwezezimali zokufunda elandelwa abafundi abazikhokhelayo emayelana nokukhokhwa kwemali yokufunda ekweletwayo, imali yokubhalisa nokukhokhelwa kwakho konke okunye kokufunda konyaka.

Okufanele Ukuqaphele:

11. Isimo ngokokukhokheleka kwabafundi bakwaNSFAS sizovela kuphela ohlelweni lwe-UKZN Student Funding System emuva kokuba abakwaNSFAS sebethumelele iNyuvesi uhlu lwabafundi azobakhokhela.
12. Abafundi abalindele iziqinisekiso zokukhokhelwa abakwaNSFAS, bangagcwalisa amamojuli abazowabhalisela bese belinda kuze kufike uhlu lwabazokhokhelwa abakwaNSFAS.
13. Uma selutholakele uhlu lakwaNSFAS futhi nohlelo lwethu seluhambelana nalo, abafundi abazokhokhelwa bazothola iSMS ebazisa ngalokhu futhi nokubhalisa kwabo abakushiye phakathi nakho kuzothathwa njengokubhalisa okugcwele. Abafundi bakwaNSFAS bafanele ukuba bahlole ukuthi ukubhaliswa kwabo nakho sekuguqukile sekukhombisa isimo esiyiso.

Imibuzo

Sicela ugweme ukuthumela umbuzo wakho kubantu abaningi. Lokhu akugcini nje ngokubeka imininingwane yakho engcupheni kodwa kubangela ukubambezeleka okwengeziwe. Ngenxa yokuphindeka komsebenzi noma ukucabanga ukuthi kukhona omunye osebenza ngombuzo wakho.

Student Funding

COFA LAPHA

ukuze uthole imininingwane yaBaluleki BasemaKolishi Kwezezimali Zokufunda

Student Fees Office

COFA LAPHA

ukuze uthole imininingwane yabasemnyangweni Wezezimali Zokufunda

Frequently Questions

COFA LAPHA

ukuze uxhumane noMsizi Bot.